Masidlale, sifunde futhi sikhule ndawonye

Mina!

basic education
Department:
Basic Education
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

unicef
for every child

Ngiyimina. Ngikhethekile. Umndeni wami ungithanda kakhulu.

Uma ingane isanda kuzalwa, ibona, izwe futhi ifunde izinto eziningi.

Okuningi ukufunda kwasekuqaleni kokukhula kwenzeka kusuka ekuzalweni kuya eminyakeni emithathu.

Izinto ezinhle, njengokugona nokukhuluma, kusiza ekuthuthukeni kobuchopho bengane.

Masigone futhi sikhulume nezingane zethu zonke izinsuku!

Nginegama elihle. Likhethekile.

Izingane zidinga ukuwathakasela amagama azo.

Izingane ziyathanda ukuzidweba.

Izingane kufanele zitshelwe ukuthi kungani amagama azo ekhethekile.

Masitshele izingane zethu izindaba ezimayelana nazo namagama azo.

Ngiyingane yaseNingizimu Afrika.

Izingane kumele zifundiswe ngezimpawu zaseNingizimu Afrika.

Zonke izingane zaseNingizimu Afrika kufanele zibe nesitifiketi sokuzalwa.

Izingane kumele zifundiswe ngasekuqaleni ezimpilweni zazo ngokuba ezaseNingizimu Afrika.

Masixoxe nezingane zethu mayelana namagugu azo, nangemvelaphi yazo eNingizimu Afrika!

Ukudla okunomsoco kusiza ubuchopho bami bukhule bube bukhulu futhi buqine!

Ubuchopho bengane bukhula ngamandla amakhulu kusukela ekuzalweni kuye eminyakeni emithathu.

Umsoco ofanele usemqoka kakhulu ekukhuleni kobuchopho.

Zonke izingane kumele zithole ukudla okuningi okunomsoco zonke izinsuku.

Masinike izingane zethu ukudla okuphekwe ngemfanelo, okunomsoco nsuku zonke!

Ngingawusiza umndeni wami.

Izingane zakho kwesinye isikhathi ziyathanda ukwenza imisebenzi yabantu abadala.

Izingane ezisencane ngokuvamile aziwazi amaqhaza obulili.

Izingane ziyakujabulela ukuba yingxenye yokwenziwa emndenini ngendlela yokudlala.

Masikhuthaze izingane zethu zidlale emakhaya!

Uma ngigula, umndeni wami uyanginakekela.

Abantwana abasanda kuzalwa bathola amakhadi abo e “Ndlela eya Empilweni”.

Abazali kufanele baligcine endaweni ephephile ikhadi le “Ndlela eya Ekuphileni”

Izingane ezincane kumele zihanjiswe ezikhungweni zokwelapha ziyohlolwa impilo futhi ziyogonywa ngendlela efanele.

Masiqinisekise ukuthi izingane zethu zihlolwa izimpilo zazo njalo.

Ngiyakuthanda ukudweba, nokupenda, noku “bhala”.

Uma izingane ziqala ukufunda ukuhlala, zingabamba izinduku namapeni.

Kusukela zincane, izingane ziyathanda ukuhlikihla ngokuthile.

Izingane zizwa zikhuthazekile ukuthuthukisa amakhono azo okubhala uma zinconywa ngenkathi zihlikihla, zidweba noma zipenda.

Masihlinzeke izingane zethu ngamathuba okuhlikihla, ukupenda noma ukudweba.

Ngiyathanda ukudlala ngezinombolo namaphethini.

Ngenkathi zifunda ukukhuluma, izingane ziyathanda ukubala izinto ezizizungezile.

Izingane zithola amaphethini nokuma kwezinto lapho zikhona.

Ngezenzo zokumesha, izingane zingabona izinombolo nokuma kwezinto.

Masidwebe futhi sixoxe ngamaphethini nezingane zethu.

Ngiyathanda ukulalela izindaba!



Izingane ziyakuthanda ukutshelwa izindaba.

Izindaba zingaxoxa ngemindeni yazo, ngazo, noma ngokuthi umndeni uhlalaphi.

Izingane ziyakujabulela uma zifundelwa izindaba.

Masichithe isikhathi sifundela futhi sixoxela izingane zethu izindaba.

Ngiyathanda ukukhuluma nokucula nokuhleka.

Ukucula kukhuthaza izingane ukuba zifunde amagama amasha.

Ukudansa kungasetshenziswa njengohlobo lokuzivocavoca ezinganeni.

Ukukhuluma nezingane kuzisiza zibe nomuzwa wokuba yingxenye yokuthile.

Masithole isikhathi sokukhuluma, sokucula nokudansa nezingane zethu!

Masidlale, sifunde futhi sikhule ndawonye



indilinga

Original English text by *Margaret Irvine* (commissioned by the DBE and UNICEF) • Photos and artwork: Shutterstock
Department of Basic Education, Directorate: Early Childhood Development, Private Bag X895, Pretoria, 0001 (www.education.gov.za)
UNICEF, P.O. Box 4884, Pretoria 0001, Republic of South Africa (www.unicef.org/southafrica)